basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**FEBRUWARI/MASHI 2015**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-18.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfushane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe (checklist) ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

10. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | | |
|---|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **IMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | Umbuzo omfishane | 35 | 5–6 |
| | | | |
| 2. *Umshado* | Umbuzo omfishane | 35 | 7–8 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | | |
| 3. *Ababulali Benyathi* | Umbuzo omfishane | 35 | 9–10 |
| | | | |
| 4. *Isiko nelungelo* | Umbuzo omfishane | 35 | 11–12 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | | |
| 5.1 *Ingoduso* | Umbuzo omfishane | 17 | 13–14 |
| **NOMA** | | | |
| 5.2 *Imfihlo Kamakoti* | Umbuzo omfishane | 18 | 14–15 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.** | | | |
| 6.1 Ngiyogiya Ngiqephuze | Umbuzo omfishane | 18 | 16–17 |
| | | | |
| 6.2 Kuyosala Izibongo | Umbuzo omfishane | 17 | 17–18 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe (Checklist):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A-INOVELI (Imibuzo emifishane) | 1–2 | | |
| **NOMA** | | | |
| B-UMDLALO (Imibuzo emifishane) | 3–4 | | |
| **NOMA** | | | |
| C-IZINDABA EZIMFISHANE (Imibuzo emifishane) | 5 | | |
| **NOMA** | | | |
| D-IZINKONDLO (Imibuzo emifishane) | 6 | | |
| **Qaphela: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.** | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ngibekeleni umancishana la khona ngizokwehlisa ngawo ngingaze ngishelwe yizwi ngikhulume sekome amathe. Asho ahambe kancane aze ayosithela ngendlu. Esebuya uhamba ekhuluma yedwa, 'Impela **ukuhamba kuzala induna**, uthi ngangazi ukuthi ngoke ngikhulume insumansumane enjengekaNtombela empilweni yami. Ngabe yiwo yini la magwababa engangithi ngiyoyixoxela wona na?'

Waba ukubuya nje, wonke umuntu wahlala wavula izindlebe wena owabona izingane zilalele inganekwane ixoxwa ugogo zizungeze iziko. 'Ngangithi ngeke ngiyixoxe nakancane le ndaba ngisho nakaMadala eJudeni, kodwa-ke ngoba nicela ukuba nginixoxele kulungile. UNtombela sasisebenza naye emshinini munye ngingakabi induna. Kwakuyindoda engangiyethemba kakhulu.

Ngangiyivakashela nasemzini wayo ngezinye izimpelasonto. Umkakhe naye ngangimazi kakhulu. Indaba isivela ngesikhathi eseshonile sekufanele angcwatshwe. Akekho owayazi ukuthi uNtombela unomunye umfazi le emakhaya eXobho. Sabona sekutheleka umama ehamba nabafana abathathu asebekhulile impela. Akekho owabuza ukuthi obani laba ngoba izinsizwa zazibonakala ukuthi ezaphi.

Uyakhala umama lo. Izinsizwa **zidinwe zigane unwabu**. Yavela inkathazo lapho izingane sezithi zilande isidumbu sikababa wazo. Kwatshelwa umkakhe lo ohlezi etshalini. Wavuka indlobane. **Washaya phansi ngonyawo** wathi umkhwenyana wakhe akayi ndawo.

1.1 Ngeyakwabani isibongo le ndoda uManyoba axoxa ngayo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

1.2 UManyoba wayejwayele ukuyivakashela ngaziphi izikhathi le ndoda? (1)

1.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Unkosikazi kaManyoba kwabe kungu:

A UMaNtombela
B UMaNdlovu
C UMaDuma (1)

1.4 Bhala izinto EZIMBILI ezazenziwa izinsizwa ukuqeda isizungu ehostela. (2)

1.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

1.5.1 Esebuya uhamba ekhuluma yedwa, 'impela **ukuhamba kuzala induna.**' (2)

1.5.2 Izinsizwa **zidinwe zigane unwabu**. (2)

1.5.3 **Washaya phansi ngonyawo** wathi umkhwenyana wakhe akayi ndawo. (2)

1.6 Bhala isizathu esenza ukuthi uManyoba ayeke ukusebenza ezimayini. (2)

1.7 Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi uManyoba wayeyinduna ewenzisisayo umsebenzi wayo ngesikhathi esebenza eGoli. (2)

1.8 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi umuzi kaManyoba usendaweni esemakhaya/esemaphandleni. (2)

1.9 UManyoba wayewuthanda futhi ewunakekela umndeni wakhe. Fakazela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Yini eyayenza kube nzima kuManyoba ukuthola impesheni yokuguga? (2)

1.11 Yimiphi imizamo eyenziwa uManyoba ukuzama ukuthi amadodana akhe elekelele/asize ngesikhathi yena nomkakhe bengasakwazi ukuzondla? (2)

1.12 Chaza ngobudlelwano uMaNdlovu agcina esenabo nendodakazi kaFanyana uThembelihle. (2)

1.13 UMfundisi uZakwe wabasiza kanjani oManyoba noMaNdlovu ngesikhathi ebathola eMnambithi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.14 Wayisebenzisa kanjani uManyoba imali ayiwina kulotho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.15 Bhala isifundo ositholile ngokufunda le ndaba. Sekela impendulo yakho ngezibonelo. (3)

1.16 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi amadodana kaManyoba ahluleka ukukhombisa uthando kubazali bawo. Sekela impendulo ngamaphuzu AMABILI. (3)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

'Kodwa ngizombhekelwa ubani uLindiwe?' Ukhuluma yedwa njalo uBheki, usekhohliwe nawukuthi ubekhuluma nonina. Asole sengathi unina kokunye uyamethusa nje ngendaba kaLindiwe. Abukisise unina futhi uBheki. Nonina kutholakale ukuthi ubuka yena uBheki ngqo. Abuzisise kunina futhi uBheki:
'Ubani?'
'ULindiwe.'
Athule uBheki abukisise unina. Azitshele ukuthi uzobuye athi uyadlala.
'Kuzofuneka usitshele indaba eyodwa Bheki. **Asisaqondi nqindi nasibhakela** phela manje.'

**Inqunywe umlomo** kuBheki. Ezwe sengathi ikhanda liyaduma.
'Angisayiqondi-ke manje le nto mama.'
Asuke aqonde endlini uBheki. Nebala azithele kuLindiwe. Abone ukuthi cha, konakele. Ahleke kuwo lowo mnyama.
'Hawu Lindi! Ubuyile? Ngaze ngajabula.' Asho asondele amange. Babambane. Esikhundleni sokuba ajabule uLindiwe, akhale. Imxake leyo nto uBheki.
'Yini Lindiwe? Athule uLindiwe. Aqhubeke nesililo sakhe. Asondele uBheki amgaxe.
'Thula Lindi. Thula.'

Axakeke uBheki. ULindiwe uyamazi ukuthi akasiye umuntu otetemayo. Azame ukubuza futhi uBheki: 'Ukhalelani Lindiwe?'
Athule uLindiwe esule izinyembezi. Alindele impendulo uBheki. Zehle futhi kuLindiwe izinyembezi. UBheki acabange ukuyobiza unina.
'Uyagula yini Lindiwe?'
'Yebo ngiyagula.'
'Uguliswa yini kodwa?'

'Ngiguliswa uwe Bheki. Sengizwile ukuthi uyashada. Angizukukuvimba. Engifuna ukwazi nje kuphela ukuthi ingane yakho le engiyithwele.'
La magama angena kabuhlungu enhliziyweni kaBheki. Nakuye **zacweba izinyembezi**.

2.1 Uvelaphi uLindiwe njengoba efika kubo kaBhekani? (1)

2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezazenza ukuthi uLindiwe akhale ngesikhathi bebingelelana noBhekani. (2)

2.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

ULindiwe:

A Wayengunesi
B Wayengasebenzi
C Wayenguthisha (1)

2.4 Yini eyenza uBhekani abe namahloni okubona uLindiwe? (2)

2.5 Ngamaphuzu AMABILI bhala izinto ezazenziwa nguSfiso ezikhombisa ukuthi uthanda izindaba. (2)

2.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

2.6.1 Nakuye **zacweba izinyembezi**. (2)

2.6.2 **Inqunywe umlomo** kuBheki. (2)

2.6.3 **Asiqondi nqindi nasibhakela** phela manje. (2)

2.7 UBhekani wayemthanda kakhulu uTholakele kunoLindiwe. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (4)

2.8 Bhala isigameko esisendabeni esenzeka endlini kaBhekani esikhombisa ulaka lukababa wakhe. (2)

2.9 Bhala izeluleko abalingiswa abalandelayo abazinika uBhekani ukuzama ukumbonisa/ukumeluleka mayelana nothando lwakhe noTholakele. Bhala amaphuzu AMABILI umlingiswa ngamunye.

2.9.1 Umama wakhe. (2)

2.9.2 USifiso. (2)

2.10 Chaza ngokwenzeka ngesikhathi uBhatomu nezinsizwa ayehamba nazo ehlasela uBhekani endleleni ngesikhathi ebuya esibhedlela. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.11 Ukuba khona kukaLindiwe emshadweni kaBhekani kwamsiza uBhekani. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.12 Bhala indikimba yale noveli. Sekela impendulo yakho ngokwenzeka endabeni. (3)

2.13 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uBhekani ungumlingiswa onenkani? Sekela. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

| | |
|---|---|
| Duma: | Lalela phela. UMaShezi usephendukile. Wethuswe yisimo lesi sakho kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlule kwami badelela. Ngempela **uyatwetwa** manje. Uze wathi kungaba ngcono uma mina **ngingazehlisa** enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu. Hheyi! Wethuke ngempela uMaShezi. Ngethukile ngoba ngiyamazi umkami. **Ubebhodla umlilo** ngokuyokhuleka enkosini kodwa manje usemane waphenduka kuhle kwemali uma abafana bedlala isipina. |
| Mbandlwa: | (*asukume*) Uyadlala uMaShezi! Hhayi bo! Senzeni? Sijabulise lezi zilima ezingahambisani nezinguquko? Lutho! Lalela lapha wena! Hamba uye emaphoyiseni ufike ubike ngomhlangano ofuna ukuwubiza maqede uwacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. Uchaze nje nangobungozi babo. Ngeke amaphoyisa akwenzele phansi. Akekho umuntu ongazithela emaphoyiseni ewabona. Uyabona, lowo mhlangano uyokunika amandla ngoba uyonunusela abantu ngezinhlelo ezikhangisayo okufanele zenziwe. Ngiyakutshela nongafuni lutho ngekhansela, uyophenduka ahambisane nalo. Emva kwalowo mhlangano uyophenduka inkosi. Imilomo, bheka (*avale umlomo wakhe ngesandla elingisa amazwi akhe)* koDlamini. |
| Duma: | Usuyakhuluma-ke manje mfo. Uyazi okunye engikucabangayo ngukuthi umhlangano akusadingeki siwubize ngombhobho. Sizobhala isimemo esikhangayo maqede sicele ozosibhalela sona ngekhompuyutha. Ukusukela lapho sizoyosigaya emshinini lona ozikhipha sekuyizimemo eziningi ukuze sikwazi ukuzinameka kulo lonke leli wadi lami. |

3.1 Kunabudlelwane buni phakathi kukaMbandlwa noDuma? (1)

3.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Indlunkulu yenkosi uShandu kwakungu ...

A UMaNgema.
B UMaShezi.
C UMaKhumalo. (1)

3.3 Wethuswe yini uMaShezi njengoba uDuma ethi usephendukile. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.4 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza uMaShezi angamthandi uMbandlwa. (2)

3.5 Ngokwalesi siqeshana esingenhla ukuphi umehluko phakathi kwendlela uDuma nenkosi abathola ngayo izikhundla zabo. (2)

3.6 Lo mdlalo uyimbangalusizi. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisebenzile esiqeshini osinikwe ngenhla:

3.7.1 Uze wathi kungaba ngcono uma mina **ngingazehlisa** enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu. (2)

3.7.2 **Ubebhodla umlilo** ngokuyokhuleka enkosini kodwa manje usemane waphenduka kuhle kwemali uma abafana bedlala isipina. (2)

3.7.3 Ngempela **uyatwetwa** manje. (2)

3.8 Ngamaphuzu AMANE chaza ngokwenzeka emhlanganweni owawusesikoleni kuze kube kulimala uMbandlwa. (4)

3.9 UDuma uvezwe njengomlingiswa odonswa ngunkosikazi ngekhala. Sekela noma uphikise lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU atholakala kulo mdlalo. (3)

3.10 Bhala amaphuzu AMATHATHU akhombisa ukuthi inkosi uShandu uyinkosi ebonisekayo uma itshelwa. (3)

3.11 Ukungabi nazwi kwabesifazane kulo mdlalo yikona okudala ukuthi isimo senhlalo sibe sibi. Caphuna amaphuzu AMATHATHU asekela lo mbono. (3)

3.12 Ngamaphuzu AMATHATHU veza ukuthi uDuma ungumlingiswa onjani? (3)

3.13 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uDlamini wayeyindoda eluhlaza/ edelelayo. Sekela. (3)
**[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 4: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

*(UThenjiwe uzobona uSipho ejele bayaxoxa)*

Sipho: Kodwa uthe uyaphi ekhaya?

Thenjiwe: Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye **ngimgqibe**. Kodwa uhleli kanjani lapha?

Sipho: Kabuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. (*Zicwebe izinyembezi)* Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje.

Thenjiwe: Ngiyakuzwela Sipho, icala lakho kuthiwa yini ngempela?

Sipho: Kwavele kwathiwa ngonisa wena emzini. Ngikwenza ube nenkani.

Thenjiwe: Awusasho yini ukuthi wawulamula, ungaqonde kugwaza muntu.

Sipho: Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke futhi ngangingenaye ufakazi.

Thenjiwe: Awusasho ngani ukuthi abangibize?

Sipho: Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo.

Thenjiwe: Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani manje futhi?

Sipho: Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene.

Thenjiwe: Kanti awuboshelwe lona icala owalenza?
Kwenzelwa ukuthi ngigane uDumisani?

Sipho: Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele.

Thenjiwe: Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuya eba yisitha. Ngizogcina **ngimenzakalisile**.

Sipho: Uthanda **ngidilikelwe yijele**?

Thenjiwe: Cha. Uyazi inhliziyo yami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza.

Sipho: Gana uDumisani phela.

Thenjiwe: Sengicabanga ukuvele ngimbulale uDumisani Sipho. Awuqali ukungifikela lo mqondo.

4.1 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

4.2 Ngubani igama likasisi kaThenjiwe athi kuzomele adlule kuyena? (1)

4.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Umakhelwane wakwaZungu owayezwelana noThenjiwe:

A UMaMkhize
B UMaNzuza
C UmaNzama (1)

4.4 Bahlobene kanjani oSipho noThenjiwe? (1)

4.5 Yiliphi icala abekwa lona uSipho enkantolo? (2)

4.6 Uthini umbandela (condition) wokuphuma kukaSipho ejele. (2)

4.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile ngezansi njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

4.7.1 Uthanda **ngidilikelwe yijele**? (2)

4.7.2 Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye **ngimgqibe**. (2)

4.7.3 Ngizogcina **ngimenzakalisile**. (2)

4.8 Yini eyenza uMondise axoshe uNondumiso ekhaya? (2)

4.9 Yimiphi imizamo eyenziwa nguMaMbatha ukwenza isiqiniseko sokuthi uThenjiwe akabuyeli ekhaya. Bhala amaphuzu AMANE. (4)

4.10 Ngamaphuzu AMATHATHU chaza ukuthi uDumisani wasinda kanjani ngenkathi uThenjiwe ezama ukumbulala. (3)

4.11 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo benzani/bathini kuThenjiwe ukuze agcine evumile ukushada noDumisani.

4.11.1 Ugogo kaThenjiwe. (2)

4.11.2 UMaMbatha. (2)

4.12 Yini eyayenza uThenjiwe afune ukuyobeka izimbali ethuneni likaSipho? (2)

4.13 Ngokucabanga kwakho isiko lokungena/lokungenwa lisenayo yini indawo esikhathini samanje? Sekela. (3)

4.14 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umndeni wakwaZungu ungumndeni obumbene/ohlangene. Sekela. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

## IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; umbuzo 5.1 nombuzo 5.2.

## UMBUZO 5

5.1 ***INGODUSO* – S Bhengu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ngiqhubeke-ke. Ngiphinde ngilibuke iwashi lami. Yihora leshumi manje. Sekuhlwile impela manje. Okungenani kumele ngiphangisele ukuthi ngifike lingakashayi eleshumi nomuvo ekhweni lami. Ngumuzi wendoda phela loya, kumele ngiwuhloniphe. Bengingeke-ke nami ngikwazi ukuthi ngingezi ukuzombona uNokwazi. Inkumbulo ibisingaphezu kwami.

Lukhale unyawo. Uma ngiphakamisa amehlo, ngibone isithunzana phambili laphaya. Ngibukisise. Sengathi ngumuntu nje. Kwangcono uma kungumuntu ngempela, mhlawumbe sihambisane nje. Ngiphakamise izinyawo. Nembala ngumuntu ofake izingubo ezikhanyayo. Ngisheshe ukuze ngimfice. Uma sengiseduze kube yima ngibona ukuthi kanti ngumuntu wesifazane. Yize kunokwethuka ukuthi ngabe ebusuku kangaka uphumaphi, kodwa ngibuye ngizitshele ukuthi naye unalowo mbuzo ngami, ukuthi ngiphumaphi ebusuku kangaka. Mhlawumbe sibe nezinkinga ezifanayo nje.

Ngiyifice-ke intokazi le. Ngifike ngiyibingelele: 'Nkosazana emhlophe! Sawubona.' Ngisho ngomoya ophansi.
'Yebo bhuti, sawubona. Angazi-ke kodwa ukuthi ungibiza ngenkosazane emhlophe nje yingoba ngifake izingubo ezimhlophe yini.' Isho sakuncokola. Inezwi nje elihle elifuze lelo lengoduso yami uNokwazi.
'Cha, Nkosazana, sekwaba yinjwayelo nje ukuthi kumuntu wesifazane omuhle njengawe ngimbize ngenkosazana emhlophe.'
'Usutshelwe yimi ukuthi ngimuhle?'
'Chabo Nkosazana. Akumele ukuthi uze ungitshele. Ngiyazibonela nje ukuthi uyisibhamu.'
'Isibhamu!' Isho ngokwethuka okukhulu le ntokazi. Ithi ukuqhela kimi.
'Isibhamu! Kanti nawe bhuti usazokhuluma ngesibhamu!' Yethuke kakhulu.

5.1.1 Uyaphi uSipho njengoba ehamba nje? (1)

5.1.2 Ngubani igama lengoduso kaSipho? (1)

5.1.3 Waboshwa iminyaka emingaki uSipho ejele? (1)

5.1.4 Wayeboshelweni uSipho? (1)

5.1.5 Wayephetheni uSipho ayezofike axolise ngayo kumama wengane yakhe? (1)

5.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Igama likasibali kaSipho kwabe kungu:

A UPhilani
B UPhumlani
C USanele (1)

5.1.7 USipho ungumlingiswa onothando lweqiniso. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.1.8 Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya. Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.1.9 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe endabeni:

Lukhale unyawo. (2)

5.1.10 Kungani uNokwazi engathandi ukuthi uSipho akhulume ngesibhamu? (2)

5.1.11 Bhala ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. (3)

## 5.2 *IMFIHLO KAMAKOTI* – MT Mkhize

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ekuseni, phambi kokuba ahambe uRoy wazizwa eneqholo lokuba atshele unina ukuba asale esexola kokwabe kwenzekile ngoba kwakungasekude ukuba amlethele umakoti omusha ekhaya owabe ezomsiza kuyo yonke imisebenzi yasendlini.

'Ngabe usulale wavuka usunemali njalo Roy njengoba ukade uyilandula khona ebusuku nje?' Kubuza uMaKhulu engena ephuma nakhu phela ulungiselela ukuwasha izingubo ayelokhu ezicwilise ngayizolo ukuze asheshe azeneke angaze athathwe ngezinye izindlela zangoMgqibelo.

'Impela Ma, nginayo noma ngingenayo imali, kufanele ukuba ngikulethele umuntu lapha ekhaya ozokusiza.'
'Zaze zamnandi-ke izindaba Roy! Kodwa ebe engowakwabani yena lowo mntwana wabantu okwaze ukukunqoba, Roy?' Kubuza uMaKhulu.
'UngowakwaMsomi khona lapha eMlazi, kwa-R, Ma.'
'Ewu, kanti nguNomndayi? Kudela owaziyo ukuthi yena ubegeze kuphi!'
'Ubengageze ndawo kodwa ngicabangela wena njengoba kade usho nje ebusuku. Okunye-ke futhi **okungiqinisa idolo** kube ngukuzwa ukuthi kubo akulotsholwa njengoba nami ngingenamali nje.'

'Usho ukuthi kanti ngumfazi wamahhala lowo, Roy?'
'Cha phela Ma, uRebecca uthi kuyisiko lakubo ukuthi umuntu angathengiswa ngoba akasiyona impahla.'

'Ewu, kwasengathi ngiyakweshwama-ke lokho Roy! Kodwa-ke sesiyobona okwenzekayo. **Ukumupha iso-ke** nje nathi ebesithanda ukukwenza ungakamfaki lapha ekhaya.'

5.2.1 Bahlangana kuphi oRoy noRebecca? (1)

5.2.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

URoy wathola ibhantshi lakhe:

A Elondolo
B Ekhumbini
C Ethuneni (1)

5.2.3 Kungani uRoy ehlala nomama wakhe nakuba esemdala? (2)

5.2.4 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

(a) Okunye-ke futhi **okungiqinisa idolo** kube ngukuzwa ukuthi kubo akulotsholwa njengoba nami ngingenamali nje. (2)

(b) '**Ukumupha iso-ke** nje nathi ebesithanda ukukwenza ungakamfaki lapha ekhaya.' (2)

5.2.5 Washona kanjani uRebecca? (2)

5.2.6 Yini eyayenza umphefumulo kaRebecca ungakutholi ukuphumula? (2)

5.2.7 Bhala OKUKODWA uRoy okwakufanele akwenze ngale mali ayinikezwa uRebecca. (2)

5.2.8 Ngokucabanga kwakho kwakufanele enze njani umama kaRebecca ngenkathi uRebecca efika yize esashona. (2)

5.2.9 Yimuphi umzamo owenziwa umama kaRebecca ukumsiza ukuthi alale ngokuthula? (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

## AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; umbuzo 6.1 no 6.2.

### UMBUZO 6

6.1 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli**

Ngiyogiya ngiqephuze,
Ngihay' izibongo.
Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula
Sengiphumelele ukufez'ezeminyak' izifiso
Nezinhloso zami ngelokujaja ilanga.
Senginqwanjiswe umnqwamb' oqavile.
Sengiyikazel'iminyezane yakomfundo.

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
Ngigiye ngilokoth' amagam' angalokothwayo
Alab' abayibekile induk' ebandla.
Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo
'Ze ngiqwal'eqonsayo imimango.

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi.
Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili.
Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli
Bhobhodleyana lakoMshibe.
Usho liphekwe kweyakh' imbiza
Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye
Ningqabashiye 'ze nakwabezay' ixoxw' indaba.

6.1.1 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Kule nkondlo imbongi ikhuluma ngento:

A Esazokwenzeka
B Eseyenzeka
C Engeke yenzeke (1)

6.1.2 Iziphi lezi zifiso eziyokwenza imbongi igiye iqephuze lapho seziphumelele? (1)

6.1.3 Bhala uhlobo lwemvumelwano olutholakala kule migqa elandelayo.

Ngiyogiya ngiqephuze,
Ngihay' izibongo.
Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula (2)

6.1.4 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala kule migqa elandelayo:

Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
Ngigiye ngilokoth' amagam' angalokothwayo (2)

6.1.5 Esitanzeni sokugcina tomula umugqa oqukethe ukwenzasasilwane. (2)

6.1.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe kule nkondlo:

(a) **Ukumpongoloza** ngamaphimbo. (2)

(b) **Bhobhodleyana** lakoMshibe (2)

6.1.7 Bhala umugqa oyimpindwa kule nkondlo. (2)

6.1.8 Iluhlobo luni le nkondlo? Sekela. (2)

6.1.9 Ngamaphuzu AMABILI bhala umqondo wale nkondlo. (2)

6.2 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Kuyosala Izibongo – Thembinkosi B Qwabe**

Wayengathethi manga okaNdaba,
Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
Kula mathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo
Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalalayo.

Ekuhambeni kwami nginqamula izwe lakithi,
Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo,
Notshani kukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
Ngibona amaqhawe akithi avunule ngamabheshu,
Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa,
Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.

Ngiwabona ethi shalushalu,
Egane unwabu, ngimfunge uNonhlanhla kababa,
Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
Futhi kungekho namunye owathi shwele.

6.2.1 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Imbongi ... kaNonhlanhla.

A Ingumakhelwane
B Isithandwa
C Umfowabo (1)

6.2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezaziphathwa yilawa maqhawe okukhulunywa ngawo kule nkondlo uma eya empini. (2)

6.2.3 Esitanzeni sokuqala tomula ibinzana elichaza ukuthi lawa maqhawe okukhulunywa ngawo awasekho kulo mhlaba. (1)

6.2.4 Esitanzeni sokuqala tomula imigqa EMIBILI ekhomba/eveza ukuthi lawa maqhawe okukhulunywa ngawo ayenza izinto eziningi ezazibeka izimpilo zawo engozini. (2)

6.2.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe enkondlweni:

(a) Ziyofa izinsizwa kusale izibongo. (2)

(b) Egane unwabu, (2)

6.2.6 Bhala uhlobo lwesifengqo oluqukethwe yilo muqga olandelayo.

Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo. (2)

6.2.7 Iluhlobo luni le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.2.8 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umqondo wale nkondlo. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**